basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2019**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 70**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-28.**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.

- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.

- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.

- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.

- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.

- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – F Mathenjwa

## ISIQESHANA A

1.1 UseMpangeni.√/ Usenyangeni√ (1)

1.2 Wayesebenza eThekwini.√ (1)

1.3 Uphethwe ingculazi.√ (1)

1.4 Bahlawuliselwa icala lokuthakatha uNokulindela.√/ Ukufakela uNokulindela umuthi ekudleni.√ (1)

1.5 B√/Nisifice siphila kahle.√ (1)

1.6 'Ngikutshele-ke mina owami uSandanezwe usesibhedlela lapho elashwa khona ...'√ (1)

1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UZabalaza wayezitshela ukuthi uNokulindela uzophelelwa isineke sokulinda uSandanezwe. √/
- Wayecabanga ukuthi uNokulindela uzomala uSandanezwe bese eqoma yena.√/
- Wayefuna ukuxova ubudlelwane phakathi kukaNokulindela noSandanezwe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- USandanezwe waya esibhedlela.√/
- Waya enyangeni uNonkamfela.√/
- Kwazanywa nomthandazi uNdebele.√/
- Waya nasenyangeni uMbuyisa.√ (3)

1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UZabalaza washela uNokulindela ngokugxibhela uSandanezwe kwase kusuka udweshu lapho babephikisana khona ngaye uSandanezwe.
- Waphikelela nokulandela uNokulindela enethemba lokuthi angagcina eseqome yena ngoba uSandanezwe enezinkinga zempilo. √/
- UZabalaza uyaluqhuba udweshu lapho echwensa uSandanezwe ngoba ethembe izinsizwa zangakubo ayehamba nazo.√/
- UZabalaza wagcina esehlawulisiwe emva kokuba ezame ukuthakatha uNokulindela esebenzisa uNomgedla.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

1.10 1.10.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isingeniso sale noveli siveza umlingiswa osemqoka onguSandanezwe kanye nenkinga abhekene nayo yokuhlaselwa yisifo esingalapheki.√/
- Sithola nesizinda esiphathelene nendawo njengoba uSandanezwe eseMpangeni okuyindawo yasemakhaya.√/
- Siphinde sithole nesizinda esiphathelene nesikhathi ngoba abantu sebeyakwazi ukuya ezibhedlela uma begula. USandanezwe naye wayekade eqe esibhedlela.√/
- Udweshu luyasuka phakathi kukaSandanezwe nabazali bakhe bephikisana ngokuthi ngubani okumele kuyiwe kuyena mayelana nokugula kwakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

Isingeniso asibhalekile kahle ngoba:

- Siyephuza ukuthola umlingiswa omkhulu onguSandanezwe nenkinga abhekene nayo.√/
- Okunye okuyizidingo zesingeniso senoveli njengokucaca kwesizinda nokusuka kodweshu kuyatholakala.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.10.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isiphetho senoveli kufanele ukuba siyiqoqe yonke indaba bese kuba nesisombululo senkinga. Le noveli ayinaso isiphetho esiqoqa indaba.√/
- Izigameko zokugula kukaSandanezwe zilokhu ziqhubekile.√/
- Isifo esimphethe aselapheki. Lokhu kwenza inkinga yakhe ingaxazululeki esiphethweni sendaba.√/
- Isiphetho sale noveli sishiya umfundi nemibuzo eminingi engaphendulekile.√ Isib. Engabe kwagcina kwenzekeni ngoSandanezwe?

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

UZondiwe ungumlingiswa onothando futhi omkhathalele uSandanezwe ngoba ...

- Nguye owamhambisa esibhedlela. √/
- Kwathi noma uZondiwe ethole izinsukwana zekhefu, waya kubo kaSandanezwe eyobheka ukuthi isimo sakhe sempilo sesinjani. √/
- Waya ukuyombheka emzini kaNonkamfela lapho ayelashwa khona. √/
- Ngesikhathi kugula uNokulindela, uZondiwe nguye owaphelezela uSandanezwe ukuyobona ingoduso yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
**[20]**

**KANYE**

## ISIQESHANA B

1.12 Bangabangani√ (1)

1.13 Wayebhekise kuZabalaza √/kubantu bendawo.√ (1)

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukhathazwa ukuthi uSandanezwe angase afe ngenxa yesifo sengculaza.√/
- USandanezwe weqa esibhedlela waya enyangeni ngaphandle kokwazisa uNokulindela oyingoduso yakhe.√/
- UNokulindela usezizwa ngosizwile izindaba eziphathelene nokugula kwesoka lakhe uSandanezwe.√/
- USandanezwe akambhaleli amazise ukuthi ukuphi.√ (2)

1.15 Umqondo wokuthi wayekhala/wokukhala kakhulu.√√ (2)

1.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Abafundi bangazuza lokhu okulandelayo ngokufunda le noveli:
- Bangaqonda ukubaluleka kokuziphatha kahle kakhulukazi kubantu besilisa noma ngabe basebenza kude nasekhaya.√/
- Bangaqonda ukubaluleka kokuzivikela uma umuntu eya ocansini.√/
- Bangaqonda kangcono ngesifo sengculazi nokubaluleka kokuba uma umuntu enaso athole imishanguzo ngokushesha.√/
- Kubalulekile ukuba umuntu ogulayo aqaphele angadlali izinyanga mbumbulu eziqamba amanga ngokuthi zelapha zonke izifo.√/
- Kubalulekile ukuthemba odokotela uma abantu bezisola ukuthi baphethwe yisifo sengculazi.√/
- Kubalulekile ukuthi insizwa uma yeshela intombi ingasebenzisi imithi ngoba kungaphambana izinkomishi bese izithola isihlawuliselwa icala lokuthakatha.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Cha akuhambisani nosikompilo lwesizwe esimnyama ukuthi izinyanga zisebenzise izitho zabantu uma zelapha abagulayo ngoba:
- Abantu abamnyama bayasihlonipha kakhulu isidalwa esingumuntu.√/
- Impilo yomuntu bayazisa kakhulu, abahambisani nokubulawa komuntu ukuze kufezeke izinhloso ezithize. √/
- Abantu abamnyama bayasihlonipha isidumbu somuntu osedlulile emhlabeni ngakho-ke bakubona kuyihlazo ukusika izicubu zomuntu osedlulile emhlabeni. √/
- Abantu abamnyama bavamise ukuzwelana nomndeni osuke uhanjelwe yisihlobo ngakho-ke ukucwiya izitho zomzimba walowo osuke esehambile emhlabeni kuyawuhlukumeza kakhulu umndeni osuke ushonelwe. √
- Abantu banenkolelo yokuthi isidumbu siyawuphuphisa umuthi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.18 Imibono iyokwehluka.
**Cha kwakungamele akukholwe ngoba:**

- Babemtshela izinto ezehlukene.√√/
- Ukuba babekhuluma iqiniso bonke, babezosho into eyodwa futhi eqondile mayelana nesifo esasimphethe.√√

**NOMA**

**Yebo kwakumele akukholwe ngoba:**

- Uma usenkingeni usuke ungazi ukuthi ubani ongagcina ekuyalela lokho okungaba usizo kuwena uma unenkinga. √√/
- Njengomuntu owayesegula kakhulu kwakungenzeka ukuthi wayesedidekile naye emqondweni, sekulula ukukholwa nanoma yini. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.19 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangizomeluleka ngokuthi:

- Kumele anikeze odokotela/isibhedlela ithuba elanele lokuthi bamhlolisise kahle ukuthi uphethwe yini.√/
- Uma sebehlolile bathola ukuthi unesifo sengculaza ngangizomkhuthaza ukuba adle imishanguzo ezothiba lesi sifo.√/
- Ngangizomtshela ukuthi kumele atshele/azise ingoduso yakhe ngalokhu kugula okumphethe.√/
- Ngangizomtshela ukuthi kumele amukele isimo njengoba sinjalo.√/
- Aye kubeluleki bezengqondo ukuze bamsize akwazi ukumelana nalesi sifo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
**[35]**

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 UMaNdlovu√/Umama kaFanyana√/Ugogo kaThembalihle√/ Ngunkosikazi kaManyoba√ (1)

2.2 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Wayemthethisa phambi kwengane naphambi kwakhe√/.
- Ekhuluma umathanda kuyena √/
- Emkhomba ngomunwe.√/
- Engamupgi ukudla.√/
- Engamwasheli.√ (1)

2.3 KwakunguMgqibelo√ (1)

2.4 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Waya esikoleni sasebusuku ukuze akwazi ukufunda nokubhala.√/
- Wafundela ukushayela imoto.√ (1)

2.5 B√/Ngiyaxolisa kakhulu. √ (1)

2.6 'Ngakhuluma nale ngane.√/Ngakhuluma nayo kabanzi ngokubuya ebusuku kakhulu ...' √/ Yangithembisa ukuthi isizobuya lingakashayi ihora leshumi.√ (1)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Amadodana akhe akazange akhombise ukuzwelana nabo kulesi simo senhlupheko ababebhekene naso. √/
- Izingane zakhe zamehlukanisa nonkosikazi wakhe. √/
- Ngesikhathi behleli ngokwehlukana babehlukumezeka baze bancishwe ngisho ukudla.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.8 OKUTHATHU kwalokhu okulandelayo:

- Ukubanjwa inkunzi ngesikhathi eshiywe yitekisi.√/
- Ukuphila kanzima ngesikhathi esehleli ekhaya esethathe umhlalaphansi.√/
- Ukuhlukunyezwa yinkosikazi yendodana yakhe.√/
- Ukuduka aze atholwe nguMfundisi eMnambithi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

2.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UMaNene wayengamphethe kahle umama kaFanyana√/.
- Inhlalo emzini kaFanyana yayingaseyinhle ngenxa yesihluku uMaNene ayephethe ngaso umamezala wakhe√/.
- UMaNene wayengafuni ukuthi uMaNdlovu athandaze emzini wakhe√/
- Wayengafuni umamezala wakhe abe nobudlelwane obuhle nomzukulu√.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

2.10 2.10.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isingeniso sale noveli siveza umlingiswa osemqoka onguManyoba kanye nenkinga abhekene nayo yokusebenza epulazini ahlale khona kepha engayitholi/engayiholi imali eyanele.√/
- Umbhali usichazela kabanzi ngendawo lapho kwakhulela khona uManyoba.√/
- Siphinde sithole nesizinda esiphathelene nesikhathi ngoba izinsizwa zangakubo kaManyoba zazibaleka epulazini ziye kosebenza emadolobheni amakhulu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.10.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isiphetho sale noveli siyiqoqa yonke indaba ephathelene nempilo kaManyoba njengomlingiswa omkhulu.√/
- Kule noveli inkinga yokuhlupheka kukaManyoba iyaxazululeka uma esewina iLotto. √/
- UManyoba nonkosikazi wakhe babuyela emzini wabo bese behlala kamnandi.√/
- UManyoba ujezisa amadodana akhe ngokuthi angaphinde ambize ngoyise futhi akawabalanga efeni lakhe, wafaka abazukulu kuphela√/
- Isiphetho sale noveli sishiya umfundi nemibuzo eminingi engaphendulekile. Isib. Kazi baqhubeka kanjani ubudlelwane nempilo phakathi kukaManyoba namadodana akhe emva kwesigameko sokwabiwa kwefa.√/

- Ingwijikhwebu iyatholakala. Besilindele ukubona uManyoba eqhubeka nokuhlupheka kodwa uphendula isicebi/ isigwili. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Umfundisi uZakwe ungumlingiswa onothando futhi obakhathalele abantu ngoba ...

- Nguye owathatha uManyoba nonkosikazi wakhe wayobalalisa emzini wakhe emva kokuficana nabo edolobheni laseMnambithi.√/
- UZakwe wabapha ukudla kwenyama nokomphefumulo.√/
- Wathandaza nabo ukuze babe nesibindi sokuba banqobe izinkinga ababebhekene nazo.√/
- Wabeluleka ngokuthi bangaduki nezwe kodwa baye kwaSizabantu, kwaMaphumulo lapho kugcinwa khona abantu abangenabani ozobanakekela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.12 Bangabashadikazi√/Bashadile√/Indoda nenkosikazi√ (1)

2.13 Wayebhekise kuMduduzi kanye nabafowabo.√/amadodana kaManyoba.√ (1)

2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ababatholanga abazali babo lapho obekufanele bahlangane nabo khona.√/
- Uphatheke kabi ngoba unkosikazi wakhe ukhombisa ukungabi nazwelo ngale nkinga ebavelele yokuduka kwabazali babo.√/
- Wayesola sengathi abazali bakhe baduke nezwe.√ (2)

2.15 Singalindela ukuthi uzoba yisicebi noma isigwili.√√ (2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Abafundi bangazuza lokhu okulandelayo ngokufunda le noveli:

- Bangaqonda ukubaluleka kokunakekela abazali ikakhulukazi uma sebephelelwe amandla okuzondla.√/
- Bangaqonda ukubaluleka kokuzibekela imali yomhlalaphansi uma usasebenza ukuze ungahlupheki njengoManyoba.√/
- Bangaqonda ukubaluleka kokufundisa izingane zamantombazane ukuze nazo zikwazi ukuba namandla okubasiza uma amadodana engakwazi ukwenza njalo.√/
- Kubalulekile ukuba amadoda axoxisane namakhosikazi awo ngaphambi kokuthatha izinqumo ezibalulekile ezithinta ukubhekwa kwabazali noma umndeni.√/
- Kubalulekile ukungalilahli ithemba uma izinto zingakuhambeli kahle njengoba kwenza uManyoba.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Cha akuhambisani nosikompilo lwesizwe esimnyama ukuthi abazali bahlaliswe ngokwehlukana uma sebekhulile ngoba:

- Abantu abamnyama bayabahlonipha kakhulu abazali babo.√/
- Umndeni wonke usuke udinga ukubambisana ukuze kunakekelwe lowo ongasenamandla okuzisiza.√/
- Izingane zabantu abamnyama zilindeleke ukuthi zizwe uvo lwabazali bazo noma amanye amalunga omndeni amadala ngaphambi kokuthatha izinqumo ngempilo yabazali.√/
- Abantu abamnyama bakholelwa kakhulu kubuntu, isenzo sokuhlukanisa abazali beshadile asinabo ubuntu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.18 Imibono iyokwehluka.
**Kwakungamele abaphe ngoba:**

- Kukhulu ayesebenzele khona ngokubafundisa esikoleni aphinde abalobolele. √/
- Wayebanike impilo engcono endaweni ababehlala kuyona kuneminye imindeni. √/
- Wazincisha injabulo, wonga imali ukuze ajabulise noma anelise umndeni wakhe kodwa amadodana akhe ahluleka ukumbonga ngokuzinikela kwakhe. √/
- Nawo amadodana awakwazanga ukubanakekela abazali ngesikhathi sebehlupheka.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Kwakumele abaphe ngoba:**

- Njengezingane zakhe, kwakumele abaxolele ngamaphutha abawenzile okungamnakekeli.√/
- Njengomuntu oyikholwa, kwakumele angaphindiseli okubi ngokubi.√/
- Kwesinye isikhathi kwakungaba indlela yokukhombisa amadodana akhe ukuthi umuntu uphathwa kanjani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.19 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangizobeluleka ngokuthi:

- Kumele banikeze abazali ukudla/babondle njengoba kufanele. √/
- Uma sebeholile mabathumele imali ukuze abazali bazithengele izidingo zabo.√/
- Ngangizobatshela ukuthi kumele basize abazali ukuze bathole imali yempesheni kaHulumeni.√/
- Ngangizobatshela ukuthi kumele baqashe umuntu ozosiza ekhaya. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
**[35]**

## UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

## ISIQESHANA E

3.1 Umngani kaTholi√/Indoda eyayehla yenyuka nezindaba zelobolo likaTholi.√/ Yindoda eyayihlala lapho kwakuqashe khona uTholakele.√/ Indoda eyayihlangene noTholi ekwenzeni ubugebengu.√ (1)

3.2 Yingoba wayengahambisani nokuthi uBhekani ashade noTholi.√/
Wayengazange avume kuBhekani ukuthi uzoza emshadweni.√ (1)

3.3 Ngumakoti nezimpelesi zakhe.√ (1)

3.4 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- OTholakele baphuza ukufika esontweni.√/
- Wayesenomcabango wokuthi kukhona okubi okubavelele.√/
- Ubaba kaTholakele wasukuma wabuza imali yelobolo esontweni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (1)

3.5 A√/Ukuhamba ngokwenqena.√ (1)

3.6 'Cha, ngibona umalume. Bengithi ngeke eze lapha emshadweni wami.'√/
Athi esaqalaza abone umalume wakhe.√ (1)

3.7
- Wayeke waya kwababonayo bamhlolela ukuthi umakoti wakwakhe uzolala esibhedlela ngenxa yokudla izidakamizwa ngokweqile.√/
- Wayenalo ulwazi lokuthi uTholakele udla izidakamizwa ngakho-ke wayesola sengathi lokhu kugula kwakhe kubangelwe yizidakamizwa. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UBheki akakuthandanga ukuthi ngeke yena akwazi ukulala endlini kaTholakele ngenxa yokuthi kuzolala uPamella bese yena ephoqeka ukuba ahambe. √/
- Emva kokuxwayiswa ngunina ukuba angayi kuTholakele, waqonda ngqo kodwa zaphazamiseka izinhlelo zakhe lapho embona futhi eyongena endlini yakhe ehamba noPamella, lokhu kwamenza wanemibuzo engaphenduleki.√/
- Ukugezana kwabo ndawonye bethintana nemizimba ngesikhathi besemanzini nakho akumphathanga kahle.√/
- Ukubhema kwabo ugwayi nokujovana ngomjovo ngesikhathi ebabuka ngefasitela akumphathanga kahle nakho uBhekani. √/
- Ukusebenzisa izidakamizwa ngenye futhi yezinto ezazingehli kahle kuBhekani ngoTholakele.√/
- Imali ebalelwa endlini kaTholi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

3.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UBhatomu uba isiphazamiso ebudlelwaneni bukaBhekani noTholakele njengoba kwaba lukhuni ukuba baxoxe ngesikhathi emthola esendlini yakhe uTholakele.√/
- Ukulwa kukaBheki noBhatomu endlini kaTholakele ngoba uBhatomu efuna ukuxoxa noTholakele ngenkani nakho kuyalukhulisa udweshu kule ndaba. √/
- UBheki waqala wafuna isibhamu ukuze akwazi ukubhekana noBhatomu ekubeni kanti kwakungeyona into ayezikhathaza ngayo ngaphambilini. √/
- Ukuhlaselwa kukaBheki ngabantu abathathu ngesikhathi ehamba ephethe untshumetshu kaZenze kade esendlini kaTholakele.√/
- Ukuhlaselwa kukaBheki nguBhatomu, belwa ngesikhathi ephuma kobona uTholakele esibhedlela.√
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

3.10 3.10.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isingeniso sale noveli siveza umlingiswa osemqoka onguBhekani kanye nenkinga abhekene nayo yokuhlushwa yiphupho likayise.√/
- Umbhali usitshela ngendawo lapho kwenzeka khona indaba okuyiseNyawushane indawo yasedolobheni.√/
- Siphinde sithole nesizinda esiphathelene nesikhathi samanje ngoba uTholakele noBhekani bahlangana esitobhini sokugibela amatekisi.√/
- Udweshu luyasuka esingenisweni, uBhekani ucabanga ngephupho likayise.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.10.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isiphetho sale noveli siyiqoqa yonke indaba ephathelene nomshado kaBhekani njengomlingiswa omkhulu.√/
- Kule noveli inkinga yobugebengu bukaTholakele iyaxazululeka ngokuboshwa kwakhe.√/
- Ukuboshwa kukaTholakele ngosuku lomshado kwamsiza uBhekani ukuthi agweme ukushada nesigebengu.√/
- UBhekani uthola ithuba lokubuyisana noLindiwe ongunina wengane yakhe.√/
- UBhekani wafunda isifundo sokuthi kubalulekile ukulalela abadala uma bekuxwayisa ngezinto ezithize. √/
- Isiphetho sale noveli siyayishiya imibuzo eminingi engaphendulekile kubafundi. Badinga ukwazi ngempilo kaBhekani emveni kwalesi sigameko.√/
- Ikhona ingwijikhwebu, besilindele ukubona uBhekani noTholakele beshada kodwa gwiqiqi bayaboshwa oTholakele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
ULindiwe ungumlingiswa onothando futhi omkhathalele uBhekani ngoba ...

- Nguye owasondela eduze kukaBhekani emva kokuphoxeka ngosuku lomshado.√/
- Yize kunguye uBhekani owaba sephutheni ngesikhathi behlukana okokuqala naye kodwa wabuya wazozehlisa waxolisa kuBhekani.√/
- ULindiwe akazange alwisane noTholakele mhla efika kubo kaBhekani ezomlanda.√/
- Weza emshadweni yize uBhekani ayeshada nembangi yakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.12 Bangomakoti nomkhwenyana√/Bayizithandani.√ (1)

3.13 NguZenze nomzala wakhe.√/ Ngabangani bakaTholi ayedayisa nabo izidakamizwa.√ (1)

3.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UTholakele uxabana noyise ngendaba yelobolo.√/
- Uphoxekile ngoba umshado awubange usaba khona ngoba waphazanyiswa yisixakaxaka esasuka esontweni. √/
- Abomthetho bangena esontweni babopha umakoti kwase kusuka omkhulu umsindo.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.15 OKUKODWA kwalokhu: Ukuveza ukuthi:

- Kusethulela ukuthi wayethukile.√√/
- Wayengakhululekile.√√/
- Wayebambe umoya. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Abafundi bangazuza lokhu okulandelayo ngokufunda le noveli.

- Bangaqonda ukubaluleka kokulalela abazali uma bekuxwayisa ngomuntu othandana naye.√/
- Bangaqonda ukubaluleka kokulalela izeluleko zabangani bakho ukuze ugweme izinkinga, uBhekani wangena ezinkingeni ngoba akazithathanga izeluleko zikaSifiso.√/
- Bangaqonda ukuthi ubugebengu abubuyiseli ngalutho. OTholakele benza ubugebengu baphelela ejele. √/
- Kubalulekile ukuba umuntu umazi kangcono ngaphambi kokuthi ushade naye. UBhekani wayefuna ukushada noTholakele engalazi imuva lakhe, lokho kwamfaka kwezinkulu izinkinga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Cha akuhambisani nosikompilo lwesizwe esimnyama ukulobola umfelokazi esazilile ngoba:

- Abantu abamnyama bayabahlonipha kakhulu abafelokazi.√/
- Ukushela umfelokazi kungaba wuphawu lokudelela umufi kanye nomndeni wakhe.√/
- Kuyihlazo ukuthi insizwa idumele umfelokazi zibe ziziningi izintombi endaweni.√/
- Abantu abamnyama bakholelwa kakhulu kubuntu, isenzo sokushela umfelokazi asinabo ubuntu ngoba insizwa eyenza lokho isuke ingakhombisi ukuzwelana naye kulesi simo asuke ebhekene naso√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Imibono iyokwehluka.**
**Yebo, kwakumele awakholwe ngoba:**

- Kwakusobala ukuthi anomkhuba phakathi ngoba nomama kaBhekani wayephupha amaphupho afanayo.√/
- La maphupho ayefika ephindelela nomyalezo owodwa.√/
- Amaphupho ayekubeka kucace bha lokho okwakufunwa ngubaba kaBhekani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Cha, kwakungamele awakholwe ngoba:**

- Wayengakholelwa emadlozini.√/
- Wayengakholwa ukuthi abaphansi banamandla okulawula abantu abasadla anhlamvana.√/
- Kwesinye isikhathi kwakungaba indlela yokukhombisa ukuthi yena usemdala useyakwazi ukuzithathela izinqumo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.19 **Imibono iyokwehluka.**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
**Abangahambisani nokubuyela kuBhekani bayothi:**

- Kumele akhohlwe uBhekani agxile enganeni yakhe ngoba baningi abasifazane abazikhulisela izingane bebodwa.√/
- Kumele angabuyeli kuye ngoba usekhombisile ukuthi akathembekile kwezothando, ngesikhathi uLindiwe ebuyela kuye ezoxolisa akamtshelanga ukuthi usenenye intombi enguTholakele. √/
- Lokhu kungathembeki kukaBhekani kwakungamfaka uLindiwe engozini yokulinyazwa uTholakele nabangani bakhe.√/
- Ukuthandana nomuntu ongathembekile njengoBhekani kwakungamfaka enkingeni yokutheleleka ngegciwane lengculazi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

**NOMA**

**Abahambisana nokubuyela kuBhekani bayothi:**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kumele amxolele ngoba akekho umuntu ongenalo iphutha. √/
- ULindiwe naye wake walenza iphutha lokungethembeki kuBhekani. √/
- Kumele amxolele ngoba unguyise wengane yakhe**.** √/
- Kumele acabangele ingane yakhe ukuze ikhule ihleli nabazali bayo bobabili. √/
- Unina kaBhekani wayemkhonzile, wayezomphatha kahle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 Uhlelo lokudonsa ngamapayipi amanzi umuzi nomuzi.√/ Uhlelo lwentuthuko emphakathini.√ (1)

4.2 UDlamini uyinduna yenkosi.√ (1)

4.3 Wayepheka/Wayebheke izimbiza zakhe. √ (1)

4.4 Babungebuhle ngoba√:
OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- UDlamini wayebona ukuthi uDuma akayihloniphi inkosi.√/
- UDlamini ubona ukuthi uDuma usefuna ukuzenza inkosi.√/
- UDlamini wayesola uDuma ngokungathathisi enkosini uma ebiza imihlangano.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayengathathisi enkosini uma ezoba nemihlangano.√√/
- Wayezibona engcono kunenkosi ngoba yena wayekhethwe ngabantu ukuba abe yikhansela. √√/
- Wayengayibikeli inkosi ngezinhlelo zentuthuko ayefuna ukuziletha emphakathini. √√/
- Wayeyibukela phansi inkosi ngoba wayeyibiza ngenkosana. √√ (2)

4.6 'Hhayi khohlwa yilowo. Naye uzoyibona intuthuko maqede abone ngokunye' √ (1)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDuma yikhansela elingayihloniphi inkosi kanti usayitsheni yiphoyisa eliyihloniphayo inkosi √√/
- Usayitsheni yiphoyisa elalizama ngawo wonke amandla ukudambisa udlame endaweni kanti uDuma waqala engumuntu olugqugquzelayo udlame endaweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ubukhona bukaMazongolo kwaletha uxolo/ukuthula endaweni√ ngoba:
- Wakwazi ukuhlanganisa abantu ukuze kube nomhlangano woxolo.√/
- Wahlanganisa uDuma nenkosi.√/
- Wayengusihlalo kulo mhlangano woxolo ngoba abantu bonke babemhlonipha.√/
- Wafunda incwadi eyayibhalwe yinkosi inxusa abantu ukuba babuyisane√ (3)

4.9 B√/Umuntu ongawushintshi umqondo.√ (1)

4.10 Uvuthondaba lulapho kunomhlangano wokuthelelana amanzi. Umphakathi wavumelana ngokuqeda udlame bese kuba khona uxolo.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.11 Inkosi yangalapho kwakhe khona umalume kaMbandlwa yayisebenzisana kahle nekhansela ngokuliyeka lizenzele umsebenzi ngaphandle kokubekelwa imibandela.√√ (2)

4.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UDuma wayeselalela uMbandlwa kuyo yonke into engasazimisele ngokuthatha izeluleko zikaMaShezi unkosikazi wakhe.√/
- UMaShezi wakhetha ukuphindela kubo ngenxa yokwesabela impilo yakhe futhi ezibona engasenazwi emzini wakhe.√/
- UMaShezi wayesezenzela izinto/azithathele izinqumo ngaphandle kokukhulumisana nomyeni wakhe njengoba aya kokhuluma noMaNgema engamtshelanga uDuma. √ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Indoda yesithathu ibona ukuthi kubalulekile ukuthi bonke abantu bayihloniphe inkosi.√/
- Le ndoda isola noHulumeni ngokukhweza abafokazana phezu kwamakhosi.√/
- Iveza ukukhathazeka kwayo ngokuboshwa kwenduna ehloniphekile ngenxa yezigcwaneki.√/
- Iphakamisa ukuthi kubizwe uDuma komkhulu.√ (2)

4.14 Ubona ukuthi kuzofana nokuthi uzomphoqa noma uzomfunza okufanele akwenze.√√ (2)

4.15 Cha, awahambisani ngoba uDuma waphinde wawubiza umhlangano ngaphandle kokuthathisa enkosini waphinde wacela namaphoyisa ukuba abe khona ukugada abazosusa uthuthuva kulo mhlangano.√√ (2)

4.16 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Ukweluleka inkosi ukuba ikwamukele ukuthi izinto azisafani nakuqala.√√/
- Ukuxoxisana nabo ngamunye bezwe izinhlangothi zombili. √√/
- Ukubahlanganisa baxoxisane ngenkinga yabo.√√/
- Ukweluleka uDuma ukuba ahloniphe inkosi uShandu.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.17 Yebo ukwazile - usebenzise amagama afana nalawa: OKUKODWA kwalokhu: (Isukume)√√, (aqondise enduneni, aze abheke ngakuyo)√√, (abuye abhekise enkosini)√√ ukuchaza izenzo zendoda yesithathu, (ambheke)√√ echaza isenzo sikaShandu, (asukume)√√ ukuchaza isenzo sikaDlamini, (akhombe ophakamisile)√√ ukuchaza isenzo sikaShandu, (Indoda ebikhulume kuqala iphakamise isandla.) ukuchaza futhi isenzo sendoda yesithathu.√√ (2)

4.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo
- Umfundi angakuqonda ukuthi intando yeningi ikhuthaza ukusebenzisana ngaso sonke isikhathi.√/
- Ukwehlukana ngemibono akusho ukuthi kumele abantu balwe kepha kuyinto eyamukelekile okumele ikhuthazwe.√/
- Kubalulekile ukuhlonipha amalungelo abo bonke abantu abanezikhundla emphakathini.√/
- Umthethosisekelo wezwe usiyalela ukuba silihloniphe ilungelo lomuntu ngomuntu lokuphila ngokukhululeka ngaphandle kokuhlukunyezwa.√/
- Izingxabano zixazululwa ngokuxoxisana.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

4.19 Imibono iyokwehluka.
**Yebo ngiyagculiseka ngoba:** Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwakubalukile ukunqanda ukuchitheka kwegazi.√/
- Ukubuyisana kwabaholi kwakhombisa ukuthi bawuthanda ngeqiniso umphakathi abawuholayo.√/
- UDuma wayesezokwazi ukuletha intuthuko ngokukhululeka futhi bezosebenzisana kahle nenkosi.√/
- UDuma wathembisa ukuthi usezoyihlonipha inkosi kanti naye uShandu wathi uDuma usekhululekile ukusebenza ngaphandle kwemibandela.√

**NOMA**

**Cha angigculiseki ngoba:** Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwakufanele ukuba inkosi noDuma bangagcini ngokuxolelana bona nje kuphela kepha ngaphezu kwalokho kwakumele bahlele izindlela zokweluleka nokukhalisa abahlukunyezwe udlame emoyeni nangokwengqondo abasemphakathini.√/
- Kwakumele uDuma aqale ahlawuliswe ngokungayihloniphi inkosi. √/
- Kwakumele umphakathi waziswe ngeqhaza lamakhosikazi ekuletheni ukuthula okunguMaShezi noMaNgema. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
**[35]**

**UMBUZO 5: *ICALI KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 Mphemba. √ (1)

5.2 UZinhle indodakazi kaMbhele noSonto.√ (1)

5.3 USonto wathi uMthofi uthe kunabafana abajahayo, manje ubebheka ukuthi abangenanga yini kwaMbhele. √ (1)

5.4 Babungebuhle:
OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- USonto akamnikanga uMthofi imali ayebathembise yona emva kokubulala kwabo unkosikazi kaMbhele uMaNtuli.√√/
- USonto akazange amvakashele uMthofi ejele.√√/
- UMthofi wayehlala emsabisa ngokumbulala uSonto uma eqhubeka nokungabakhokheli imali yabo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayesenolwazi ngezigebengu ezazifika njalo emzini wakhe uma engekho.√/
- Wayenolwazi lokuthi uToronto noMthofi ababulala uMaNtuli banobudlelwano obungaqondakali noSonto.√/
- Wayesesabela impilo yakhe ebona sengathi uSonto uhlangene nezigebengu ukuze benze icebo lokumsoconga.√/
- Ummeli uNtshangase wameluleka ngokuthi kube khona akwenzayo ukuvikela ifa lakhe.√ (2)

5.6 'Ukuze ilunge le nto ake ngithinte abomthetho bazoyilungisa yonke le nto.'√ (1)

5.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMaNsibande uyinkosikazi eyilunga lebandla elethembekile kanti uSonto uyisigebengu esembethe isikhumba semvu.√√/
- UMaNsibande waboshelwa icala angalenzanga kanti uSonto waboshwa ngenxa yamacala amaningi awenza ehlangene nezigebengu ayesebenzisana nazo.√√/
- Ngesikhathi umfundisi esesibhedlela uMaNsibande wayefisa ukuthi aphile ukuze akhiphe iqiniso elizomkhulula ejele kanti uSonto wayefisa ukuthi umfundisi ashone ukuze kungaveli ukuthi uyathinteka ekulimaleni kwakhe.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ubukhona bukaDlamini kwaba nomthelela omuhle √ ngoba:

- UDlamini nguye owatshela uMbhele ukuthi kunezigebengu ezivakashela uSonto uma yena engekho emzini wakhe.√/
- UMbhele waze wacasha emzini kaDlamini ukuze azibonele okwakwenzeka emzini wakhe uma yena engekho. √/
- UMbhele waqala ukungamethembi uSonto waze washintsha nencwadi yakhe yefa.√ (3)

5.9 B√/Wakhala kakhulu.√ (1)

5.10 Uvuthondaba lulapho uMthofi noToronto beficwa ngumseshi uNhleko emzini kaMbhele bezofuna uSonto oseshaye wachitha engasabakhokhelanga imali yabo. UMthofi ulikhipha lonke iqiniso ngokuthunywa nguSonto ukuba abulale uMaNtuli noMbhele.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Inkulumo phakathi kukaZinhle nabazali bakhe ikhombisa ukuthi uyakwazi ukukhuluma noma yini nabazali bakhe ngaphandle kokwesaba.√√/
- Uma ekhuluma ubuye afake amagama esiNgisi.√√/
- Imizwa kanye nemibono yakhe akesabi ukuyiveza futhi unemibuzo eminingi.√√/
- Uyabuza nangezinto ezithinta amafa emva kokushona kukayise.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UToronto, uMthofi kanye noSonto babehlangene ngobugebengu, lokhu kwakwenza ukuthi ukuhlalisana phakathi kukaSonto noMbhele kungabi kuhle.√/
- UToronto noMthofi babehlala ngokwesabisa umndeni kaMbhele.√/
- UToronto noMthofi babulala uMbhele lokho kwawuhlakaza kwawuqeda umuzi kaMbhele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

5.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMbhele wazisa uSonto ukuthi kunemoto elokhu imlandelile njalo emgwaqeni angayiqondi.√/
- Lokhu kwakumenza azizwe engaphephile.√/
- Watshela uSonto ukuthi le moto emlandelayo iyammisa kanti yena wesabela ukuthi uma ema impilo yakhe ingase ibe sengozini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.14 Wayefuna ukuthi uMthofi noToronto bathole ithuba elihle lokumbulala njengokuhlela kwabo. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.15 Yebo, ayahambisana ngoba kukhombisa ukuthi uMbhele sebembulele futhi wadutshulwa nguye uMthofi.√√ (2)

5.16 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Ukwakha uhlelo lokunikela kwabazalwane ebhange. √√/
- Ukuba kube nesisefo esikhiywayo lapho kuzogcinwa khona imali esontweni. √√/
- Ukuba kungavezwa ukuthi imali ihlala kubani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.17 Yebo ukwazile - Usebenzise la magama: (UMbhele usanda kuphuma elibangise edolobheni. USonto uhleli elawunji, ulokhu ejeqeza iwashi. Kukhale iselula yakhe. Ayiphendule.)√√ ukuchaza izenzo zikaSonto noMbhele, (Ephefumulela phezulu) ukuchaza indlela ayethuke ngayo uMbhele, (Ezithukisa) ukuchaza isimo nobuqili bukaSonto, (Ethukile) ukuchaza isimo sikaMbhele, (Avale ucingo amise imoto) ukuchaza isenzo sikaMbhele, (Emva kwesikhashana lukhale futhi ucingo lukaSonto aluphendule.)√√ ukuchaza okwenziwa nguSonto. (Ehleka) √√ ukuchaza isenzo sikaMthofi. √√ (2)

5.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ukuthanda kakhulu imali kungafaka umuntu enkingeni kuze kuphazamiseke nenhlalakahle yomndeni.√/
- Umuntu othanda kakhulu imali akaneliswa futhi angabulala ngisho izihlobo zakhe ukuze azuze umnotho.√/
- Abafundi bangathola ulwazi lokuthi ubugebengu abubuyiseli, umvuzo wobugebengu yijele.√/
- Abafundi bangathola ulwazi ngokubaluleka kokuzakhela incwadi yokuvikela ifa ukuze abantu abathanda imali bengeke bayithole imali yakho.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

5.19 Imibono iyokwehluka.

**Yebo ngiyagculiseka ngoba:** Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwakubalulekile ukuthi abenzi bobubi batholwe bese beyajeziswa.√/
- Kwakumele uZinhle avikeleke ebungozini unina ayesemfake kubona.√/
- Ubulungiswa benzeka esiphethweni sale ndaba.√/
- Umfundi akasali nemibuzo eminingi engaphendulekanga.√/
- Izigebengu ziyabanjwa, ziboshwe, okufakazela ukuthi ingalo yomthetho yinde.

**NOMA**

**Cha angigculiseki ngoba:** Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwakufanele kuboshwe uMthofi noToronto kuphela ngoba uSonto akazange abulale muntu ngezandla zakhe.√/
- Kwakubalulekile ukuthi indaba imveze uSonto ethola ukwelulekwa ngokwengqondo njengomuntu owayeselahlekelwe yikho konke ayenakho.√/
- Ifa likaMbhele alimvezi ngokwenele uZinhle ehlomula okuthile kuyena okuzokwenza akwazi ukuqhubeka nempilo emva kokuboshwa kukanina.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
**[35]**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Inkinga yokuthi uzoshada naye kanjani ngoba abathandani.√ (1)

6.2 Umamezala kaThenjiwe√/umama kaDumisani√/inkosikazi kaZungu.√ (1)

6.3 Usejele.√ (1)

6.4 Ubudlelwane phakathi kukaThenjiwe noDumisani babubuhle ekuqaleni komdlalo. UDumisani wayemesekela futhi ezwelana naye kulesi simo ayekusona sokushonelwa umyeni wakhe.√√ (2)

6.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe naye wayelazi leli siko kodwa engalithandi ngoba ebona lizophambana nelungelo lakhe lokuzikhethela.√/
- Abalixwayi isiko lokungenwa ngoba lisenziwa emizini endaweni.√/
- Abantu abaningi kule ndawo abanjengoThabi nje bayalazi.√ (2)

6.6 'Ngigane phela, bazophuma bonke abantu osizini.'√ (1)

6.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMaMbatha wenyukelwa umoya futhi uyaziphoqelela izinto ukuthi zenzeke ngendlela yakhe kanti uMaMkhize unomoya ophansi, uyakwazi ukwamukela imibono yabanye abantu ngaphambi kokuthi abeke owakhe.√√/
- UMaMbatha akanalo uzwelo kanti uMaMkhize uyayizwela indodakazi yakhe kulolu sizi eyayibhekene nalo.√√/
- UMaMbatha akamhloniphi umyeni wakhe, ungundlovukayiphikiswa kanti uMaMkhize umnika indawo yakhe uMondise njengenhloko yomuzi.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ubukhona bukaNondumiso kwaba nomthelela omubi√ ngoba:

- Ubukhona bakhe bubhebhethekisa udweshu ngoba imibono yakhe ivuna udadewabo uThenjiwe.√/
- Ukwenza kwakhe wayekubona uMaMbatha njengokugxambukela ezindabeni zakwaZungu.√/
- Isenzo sakhe sokuvumela udadewabo ahlale kwakhe sasikhombisa ukuthi akalihloniphi isiko nabakwaZungu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

6.9 C√/Ngizobaleka√ (1)

6.10 Uvuthondaba lutholakala lapho sekuphela khona ukushayisana phakathi kwemindeni, owakwaZungu nowakwaMondise. Ukuvuma kukaThenjiwe ukuthi uzoshada noDumisani kuqeda yonke ingxabano/ukushayisana kwemibono.√√ (2)

6.11 OKUKODWA kwalokhu:

- Ngesikhathi uThenjiwe ebalekile kwaZungu, waphindela kwaMondise, uMondise wambuyisela emzini base bephinda bexoxisana noZungu.√√/
- Ngesikhathi uThenjiwe ezame ukubulala uDumisani, uMondise weluleka uThenjiwe ukuthi akavume isiko ukuze kungaveli amahlazo akhe.√√/
- UZungu wanikeza umndeni kaThenjiwe isiqiniseko sokuthi angeke ahlupheke, uzohlala kahle.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo

- UGugu waba ngumuntu wokuqala ukweluleka uThenjiwe ukuthi angalivumi leli siko eliyinsambatheka.√/
- Watshela uThenjiwe ukuthi uma evuma ukungenwa nguDumisani abantu bayothi nguye obulele uSikhumbuzo ngoba efuna ukungena umkakhe.√/
- Izeluleko zikaGugu zenza ukuthi uThenjiwe abe nesibindi sokutshela abakwaZungu ukuthi akahambisani naleli siko ngoba wayazi ukuthi kunabantu abafana noGugu abamesekayo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

6.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UZungu ubona sengathi amanye amasiko kumele abhekisiswe kahle.√/
- Unombono wokuthi leli siko lokungenwa kumele lichazwe kahle ukuze bonke abantu balazi.√/
- Uthi umsindo owenzeka emzini wakhe yiwona obaxabanisa namadlozi.√/
- Ubona sengathi nabo banecala lokudala le ngxabano ekhona emzini wakhe.√/
- Uyazisola uZungu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UZungu wayebona sengathi amanye amasiko asedlulelwe isikhathi.√√/
- UZungu wayefuna ukuhlala phansi noThenjiwe amchazele kahle ngaleli siko ukuze abone ubuhle balo.√√ (2)

6.15 Cha, awahambisani ngoba akuyona indlela eyamukelekile le yokukhuluma nomuntu oshade naye noma ngabe anivumelani ngemibono.√√ (2)

6.16 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Ukumfundisa ngaleli siko ukuze kuthi uma kufika isikhathi esinjengalesi angadideki. √√/
- Ukwejwayela ukuxoxa izindaba ezifana nalezi ukuze azejwayele, azi ngazo engakagani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.17 Izimpendulo ziyokwehluka**.**

**Abaphikayo bayothi**:
Cha akakwazanga – Kunye kuphela lapho esikhombise khona isenzo somlingiswa onguMaMbatha.( Athi ukuhleka) √√

**NOMA**

**Abavumayo bayothi:**
Yebo-Ukwazile isethulo sisivezela okwenzekayo okungukuthi uZungu noMaMbatha bayaxoxa. Aphinde futhi asivezele ukuhleka kukaMaMbatha. (2)

6.18 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Angakuqonda ukuthi bonke abantu banamalungelo alinganayo ngaphansi kwentando yeningi.√/
- Intando yeningi ayikuvumi ukuphoqwa kwabantu ukuthi benze izinto abangazithandi noma abangahambisani nazo. √/
- Abafundi bangathola ulwazi lokuthi kubalulekile ukuthi abantu besifazane bawalwele la malungelo abo abawanikwa umthethosisekelo wezwe.√/
- Abafundi bangathola ulwazi ngokubaluleka kokuxoxisana ukuze kuvunyelwane ngento eyodwa ezokwanelisa bonke abathintekayo kuleyo nkinga esuke ikhona.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

6.19 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Izimpendulo ziyokwehluka**.
**Abagculisekayo bayothi:** Isixazululo siyagculisa ngoba ...

- Kwakubalulekile ukuba kube khona ukuthula phakathi kwale mindeni yomibili.√/
- Kwakumele uThenjiwe avumelane nabakwaZungu ngoba washada enalo ulwazi lokuthi leli siko lisaqhutshwa kule ndawo.√/
- Lesi sixazululo sibonakala samukelekile futhi sigculisa abantu abaningi.√/
- Umfundi akasali nemibuzo eminingi engaphendulwanga.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

**Abangagculiseki bayothi:** Isixazululo asigculisi ngoba ...

- Ubulungiswa abenzekanga esiphethweni sale ndaba ngoba ilungelo likaThenjiwe alinakwanga.√/
- Wacindezelwa ngento ayengayithandi uThenjiwe waze wavuma.√/
- Kwadingeka ukuba uThenjiwe azame ukwakha uthando lukaDumisani olwalukade lungekho phambilini ukuze abe umyeni wakhe.√/
- Lesi sixazululo sibonakala sigculisa abantu abathi bagqiba ihlazo kakhulu kunokuthi sijabulise uThenjiwe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

## UMBUZO 7: IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

7.1 **LAPHO KUKHONA UTHANDO – NE Mbesa**

7.1 7.1.1 Isitimela. √ (1)

7.1.2 Wayeya kobona emzini ayezoshadela kuwona.√/ Wayeyobonana nesoka lakhe okokuqala ngqa.√ (1)

7.1.3 Iphuzu ELILODWA kwalandela:
- Wathokoziswa ukuthi kukhona okwazi ukukhuluma IsiZulu√/
- Wayebuyekeza inkulumo yesoka lakhe, amane amoyizele.√ (1)

7.1.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandela:
- Abantu abaningi ayegibele nabo babekwitiza bekhuluma ulimi angalwazi.√/
- Ibhasi ababehamba ngalo lama endleleni kwathiwa abalale khona lapho ngoba umshayeli wayesekhathele. √/
- Bahamba bayogeza emfuleni. √/
- Baba nengozi baketuka nesikebhe.√ (3)

7.1.5 C√/Ihaba√ (1)

7.1.6 Okukodwa kwalokhu:
- Ichazwe ngumbhali ukuthi yinde, inebala elinsundu, inentshebe nehwanqa. √√/
- Ivezwe njengomuntu okwaziyo ukuxhumana kalula nabanye.√√/
- Inomusa futhi iyakwazi ukunakekela abanye abantu.√√ (2)

7.1.7 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Iyona esikhombisa ukuthi insizwa le ekhuluma noSebenzile iyasazi IsiZulu.√√/
- Isivezela ukuthi abalingiswa bangabantu abanjani.√√/
- Inonga indaba ukuze ihehe kumfundi.√√ (2)

7.1.8 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- USebenzile wathola ukuthi insizwa ayexoxa nayo esitimeleni kwakunguyena uBen, isoka lakhe √/
- Le nsizwa yayimnakekela ohambweni lwabo kusukela besesesitimeleni baze bayovelelwa yingozi.√/
- UBen nguyena owayehlelele uSebenzile zonke izinto ehhotela.√ (2)

7.1.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Cha, akuphephile ngoba:
- Sekwande ubugebengu kakhulu. √√/
- Kungenzeka abashadayo bathole ukuthi bahlobene.√√/
- Kungenzeka ukuthi uma umuntu sewumbona ngqo angabi yilolu hlobo lomuntu oluthandayo. √√/
- Kungenzeka ukuziphatha kwakhe kungabi yilokhu ozozwana nako. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.10 OKUTHATHU kwalokhu okulandelayo:
Ngangingameluleka ngokuthi:
- Akenze ucwaningo ngendawo aya kuyona ngaphambi kokuthi athathe uhambo.√/
- Akaqale ahlangane nesoka kuqala endaweni ephephile njengasesiteshini samaphoyisa.√/
- Abe nomuntu ozokwazi ukuthi bazohlangana nomuntu othize futhi endaweni ethize.√/
- Kwakufanele enze ucwaningo ngomndeni walapho eyoshadela khona.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**KANYE**

7.2 **USIHAWU NESIHAWU – NE Mbesa**

7.2.1 uBathobile.√ (1)

7.2.2 Yathi yayiyocela indawo yokuhlala kumalume wayo.√ (1)

7.2.3 Kwakuyizindaba zokuthi akanayo inzalo ngakho-ke ngeke akwazi ukufeza isifiso sikayise sokuba azale indodana ukuze athathe ubukhosi. √√ (2)

7.2.4 Bakhula naye, bafunda kanyekanye ezikoleni zendawo kwaSwayimani baze behlukana sebeyofundela imikhakha eyahlukene.√√ (2)

7.2.5 NguSihawu. √
- Nguyena owayebhekene nenkinga yokungabi nenzalo ekubeni wayefuna ukuzala indodana ukuze kube nguye othatha ubukhosi bakwaLuthuli.√√/
- Simthola indaba iqala ize iyophela. √√/
- Indaba yonke iphathelene naye. √√ (3)

7.2.6
- Umalumekazi kaBathobile wambuza ukuthi ucabanga ukuthi uzophila ngani uma eyeka umsebenzi ngaphandle kokuba ambingelele.√/
- Lokhu kwamkhalisa uBathobile wavele wabona ukuthi akemukelekile kumalumekazi wakhe. √ (2)

7.2.7 Imibono iyokwehluka kuye nokuthi umfundi wesekela kanjani:

- Inani labalingiswa abatholakala kule ndaba likahle√ ngoba nakuba beqile kwabayisihlanu kepha okuyibona ababambe iqhaza elikhulu bathathu kuphela, uSihawu, uDokotela uZwakele kanye noBathobile. √

**NOMA**

- Inani labalingiswa abatholakala kule ndaba likhulu kakhulu√ okuphambene nomgomo wendaba emfushane. Sithola uSihawu, uBathobile, uDokotela uZwakele, umalume kaBathobile, umalumekazi (uMaZulu), umama kaZwakele kanye nonina kaMaZulu. √ (2)

7.2.8 Kwaholela ekuthini agcine egane inkosi yakwaLuthuli, uSihawu.√√ (2)

7.2.9 Yebo ukwazile umbhali ukugcina umgomo wendawo kule ndaba emfishane ngoba iqoqekile, yenzeka endaweni yakwaSwayimane kuphela kusukela esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni.√√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

**UMBUZO 8: AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

8.1 **NGIYOGIYA NGIQEPHUZE – NL Luthuli**

8.1.1 Ukuqephuza√/Ukungqabashiya√/Ukugiya√/ ukuhaya√ (1)

8.1.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Imbongi ikhuluma ngenjabulo eyoba nayo lapho isiqede ukufunda.√/
- Iyobe ifeze izifiso zayo zeminyaka.√/
- Iyobe isigqoke ijazi layo lezemfundo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.1.3 Ngigiye ngilokoth' amagam' angalokothwayo√√ (2)

8.1.4 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli√/
- Usho liphekwe kweyakh' imbiza√/
- Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye√ (2)

8.1.5 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Ukugcizelela lokho eyobe ikwenza okungukugiya iqephuze.√√/
- Igcizelela injabulo eyoba nayo uma seyiphumelele ezifundweni.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.1.6 Umfo kaShandu lo kwakunguthisha, owayengumqeqeshi wayo imbongi esikhungweni semfundo.√√ (2)

8.1.7 Isingathekiso √ (1)

8.1.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Imbongi iyoba sethubeni elihle lokuthi ithole umsebenzi ikwazi ukwakha ikhaya.√/
- Imbongi ingakwazi ukondla, ifundise abantwana bayo.√/
- Ingakwazi ukweluleka, iyale abantwana bayo ngezeluleko ezinohlonze ngoba isikhanyiselekile. √/
- Ingakwazi ukwelekelela namanye amalunga omndeni.√/
- Ingakwazi ukuphila kahle nomndeni wayo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

8.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Yebo iphumelele: Indikimba yemfundo√ ngoba:
- Imbongi esigabeni sokuqala ikhuluma ngeyokwenza uma isiphasile/isiphumelele ezifundweni zayo yathola amajazi emfundo.√/
- Esigabeni sesibili ikhuluma ngeyobe isikwazi ukukwenza okuyizinto ezinzima ezingakwazi ukwenziwa ngumuntu ongenalo lolu hlobo lwemfundo eseyilutholile.√/
- Esigabeni sesithathu ize ibala nothisha owayekade eyiqeqesha.√ (3)

**KANYE**

8.2 **INHLANSI YAKHO THULI – SB Mlambo**

8.2.1 Intandane√ (1)

8.2.2 UNontando wayishiya dengwane imbongi√/wehlukana nayo.√ (1)

8.2.3 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Imbongi yamangala, yankema.√/
- Yabona uThuli engena kuyo ngamehlo.√/
- Yabona uThuli ecwebezela. √/
- Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo.√ (2)

8.2.4
- Imbongi yezwa isimthanda uThuli,√/
- Imbongi yazama ukuzibamba kodwa yehluleka ngoba yaluzwa uthando lukaThuli lukhula lungasabekezeleki.√ (2)

8.2.5 **<u>Ngakubona</u>** buqamama.
**<u>Ngakubona</u>** uyinhlansana.√

Ukuxhumana okusekuqaleni. √ (2)

8.2.6 Ukubekezela kwanyamala**<u>la</u>**.√
Wadlondlobala umlilo ngazide**<u>la</u>**.√ (2)

8.2.7 B√/Wahluleka ukuthula nokuzibamba.√ (1)

8.2.8 Umyalezo uthi uma umuntu kwenzekile walahlwa/waliwa umuntu amthandayo akamlwisi/akambulali kodwa uyaye alinde aze athole omunye azomthanda njengoba nembongi yenza ngesikhathi yaliwe uNontando. √√ (2)

8.2.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Ngiyavumelana:
- Imbongi ikhombise ukuthanda uThuli kusukela iqala ukumbona kwaze kwabe iyazidela iyameshela.√√
- Yabekezela, yeshela yaze yaqonywa.√√
- Ayifisi ukwehlukana noThuli ngendlela emthanda ngayo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.2.10 Kwamukelekile:
- Kuyimvelo ukuthanda umuntu. Uma umuntu wesilisa ethanda owesifazane, uyameshela njengoba yenza imbongi imtshela ngemizwa yayo. Lokhu kukhombisa ukuthi kusuke kuwuthando lweqiniso.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**